ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu, March 19, 1920.

IBANDHLA ELIKETWE BUTSHA.

SITI kubacacele bonke abantu ukuti kusukela kulenyanga efileyo, abelungu abenza imiteto yaleliswe kade behla benyuka bekuluma nompakati weSinqu, bebonisa ukuti uma beketiwe babe amalungu eParlamende bayokwenza loku naloku. Abaholi abegamileyo pakati kwabo bekungo Gen. Smuts noGen. Hertzog. Pakati kwalomBhonu bekutona ukupikisana okukuli kokuti iswe las South Africa aligqitshule okulibopelele eNgilande lisimele, ngakolunye uhlangoti bemele ukuba iswe loli libe pansi kobukosi baseNgilandi. Ibibambene kulezo zintlu zombili, uHertzog eti ufuna ukuba iNyonyana isimele, uSmuts ekupika loko. Ivoti ke ivese indaba eyisima ngaliso ngoba amaBhunu angamuke pakati bcelisbe balingane izigaba zombili. NoGen. Smuts wehle eya eCapetown nje asukupumelelisa luto ngapandhle kokuba asekelwe ama-Unionist nabeLabour, kepa anakuncijama evotini lesinye isigaba ngenxa yokuba zingabuye zimbamuke pakati. Kukohlakele nje ukuba uzoquba kanjani isindabakazi nesinkulu sezwe engenabo abancle ukwehlala esinye isigaba seParlamende. Ngapandhle kokuba asihlanganise nesinye salesi sigaba uGen. Hertzog uyobe iloku emyaluzisa emtonisa, ezimbela isindaba ngevoti. Sekwande amabemabemu kona maqe ukuti uHertzog nabalandeli bake, bahlose ukuba kuti kusati helele nje, uParlamende evaliwe bayifake indaba yabo yokuti akupanywe eNgilandi, iSouth Africa ibe uMbuso ngokwayo. Noko asitsho ukuba bangapumelela kulqko ngoba ama-Unionist namaLabour aeskuvumelana nabo kulowo mqaqambelo wabo. Singemangale uma kungahlakaseka masinyane kubaye kavotwe ngokunye kuze kucace ngokusobala ukuti oyena enevoti eliqinileyo ubani, Silindele isindaba kulamasonto esayo ezishisayo eParlamende. Ubekade engaqondaka-li ullertzog ukuba unabalandeli abangaka, futi nonyaka nje isiguba esimele isisebenzi esimhlope eMpakatini sandile kukulu. Ngonyaka odhlule beboyisihlanu qwaba; kepa kulevoti nansmhla batamele amad da angu21 eMpakatini. Noma enguNdaza Nkulu uGen. Smuts, angitsho ukuti ukona ofisa isikundhla sake kulezi zinsuku.

---

uMr. J. T. Gumede Pesheya.

Kangabe asibo ubupakati ama singadelela siyeke ukuhlokomisa umsebenzi walendoda yakiti el ku yawela namaNxusa yona yesula. Siswa njalo ngamapepa apesheya asinge esitumela wona uMr. Gumede ukuti ayaligovuza njalo ikanzi uyababikela abapesheya ukuti amanga uje abantu bayengwa ngeswe labo. Nyakane kapakwa impi iyakuqcogca elakwaZulu kwakungashiwo ukuti kuyotatwa inhlabati kwetiwa kwenselwa ukutaliswe iswe kwatiwa elakwaZulu liyanhlala lingelakwaZulu. Kepa namhla amakosi akona nabantu bawo sebeyitimpabanga ezingenaswe, loake eli amanoni seladatshulelwa abelungu abantu bakushelwa ezingagadwini namadadasi namawa angafunwa abelungu.

Ubatshela nangePasi leli ukuti ungeke upume uti uyocela ugwayi komunye umuzi ungalipete.

Bayamangala abapesheya yiloku ngoba yiloca kwatini nje kusuka wona amashayakote le ayosicelela imiteto le ati abantu bahlesi kahle bayane liswa kanti sebasimunca konke okukupila kwetu esiyisiswe esingenaswe.

EZANENO NAPESHEYA

AMANGISI eCONSTANTINOPLE

Lipele elidhlule sekuzwakele indaba yokuti amaNgisi asengenise impi yawo emzini omdala wamaTurk waseConstantinople. Isici esiveze loku yikuba izizwe zonke esingamaKristu ziyasola ukwenza kwamaTurk ukucekelwa pansi kwamaArmenian akolwa kaKristu. Seloku kupele impi nje kungati akipela isibhongo kuwo sokwahlulwa empini, asebelele isinkulungesane sawo. Kade abe etshelwa ukuti makuale akwenza loku kepa ashaye ongati ayeswa ayasuka lapo ayobadubula.

o o o

Kepa kudabe itinte yaye yasamazisa konke elikolwa kuMahomede, sebete abaseIndia kanti mokuhlelwe pansi yonke into yaseNgilandi bona bakoMahomede. Asasi ukuba kuzogcina ngokwenzanjani loku amaSulemani maningi kukulu eIndia. Bati lomusi yiwona kaya lika Caliph umlandeli kaMahomede.

o o o

IPALAMENDE.

Selik-tiwe iParlamende leUnion. Amadoda onze aketiwe njengoba iswe lasi asigaba zinhlanu lesi:—S. A. Party, Nationalists, Unionists, Labour Party namaIndependent. Izigaba esibe naba ningi kakulu yiS. A. Party namalungu anga 40, amaNationalists 43, ama-Unionists 25, abeLabour 21, amaIndependent 3.

Amapepa amaBhunu ati leli itaba lokuba amaBhunu ahlangane kon kusoba umgwamanda ozoubekela soake izigaba kube umbuso oqata. Bati loko kungenseka uma uGen. Smuts elah'a lendaba yaka yokucamisa abangenqoshe bwase Ngilandi lapa eSouth Africa. Aike sizowa esizokuswa sibone esizokubona.

o o o

ABAJUDA EPALESTINA.

Ukubuyela kwabaJuda ePalestine kubonakala ukuti nako kuroba nezivaviya nako, nakona siyoba kona isiqwaga nemidondeshiya yama Amakim. Bavake baumBilo abakona abangama Sulamani basi mapume apeke amaJuda amaningi ayaxobisa avahlupa. Omunye umusi wawo usuke wahlaselwa afike abulawa amaningi. Kayiko into ezakulu ezasakala ngapandhle kokupalaseka kwegasi neKanan, ladhliwa pesu kwamakanda amadoda.

o o o

ISIKWANGCIMBA SEVOTI !

ZIYIMISE kwANGQ'ETSHENI !

Yehlile indaba kuloku kuvota kwa nonyaka. Pela iParlamende leli lima-qembaqembu njengemiqondo yokofisa kwalelo ukupata isindaba sezwe. Kuye kuti ke elinabawingi kube yilona elingaHulumeni. Kulokuke kwanonyaka abakaHertzog obelwa nabangu Hulumeni yibona abaningi. Sakubo nakala ukuti wahlaliwe uGen. Smuts nguHertzog, sekutiwa kungaye ukubusa iswe. Kepa kukona ingwengqane ngoba umqondo wake mayelana noKing uti iSouth Africa malipume pansi kweNgilande. Loto kulukuni ukunika umuntu onjalo iswe. Abanye bati kuhle afike aqa'e nje uGen. Smuts are ahlulwe yilona ivoti loku inza kufiva odabeni olulukuni ayomsiza amaUnionists nabeLabour. Ubangako bamalunga ngeminza kuni kanje:—AmaNationalists 43, AbeSouth African Party 40, AbeUnionists 25, abeLabour 21, ama-Independents 3.

IZINDATSHANA NGEZ·NTO NABANTU

Uyobe eshada ngoApril 30 lo uMiss N. E. Pangula indodakazi yesibonda sakona uMr Edgar Pangula nensizwa abeyingodusa yayo imisyaka eyi9 ashada ngoweshumi. Ivelakancane lelo kulezizikati.

—:o:—

Sibonga umkonto ponswa esicelwe ni sikaMafukuzela ngaMr. Silas D Mbhele waseFafa kaf- ngokosikazi 2/- nenkosazana uMiss Rose 1/-. Ungakatali nangomso Mbhele

—:o:—

Uyabuza uMr. Angelicus Mtiyane uti njengaloku katiwa zonke isizwe zadubuka kuLadamu nje, ngabe ngowasipi isizwe kulom esikona namhla.

—:o—

Umlungu waoJ. J. Rudebe wati abantu mabasaine ipapa owacti elakwa-Hulumeni wati lapo e.uza ukuti elani uRudebe wamxosha. Abaningi bahamba noMr Rudebe eHarrismith.

—:o—

Abantu baseTekwini bayasilahlekisa uma beyotenga kwa Woolfson uma bengayi bepete ipepa Ilanga kona beyokwapulelwa u2/- ku£1.

—:o:o—

Siswa ng'Abantu-Batho indaba ebuhlungu yomfana womuntu owamitisa intombi yeBhunu elase leswa lapo seliyiyise kodotela yavuma yati kepa wayipoqa. Wabuya uyise wafike wambopela engoleni wamenza wemenza ngemvubu. Wafel'endhleleni esyiswa enkantolo. Banjalo abetungu ngesifazane zakubo abadayisi ngaso.

—:o:—

Kuzatida kuh'auliswa iSulumane eGoli ama£25 ngokutengisa umentshisi indibilishi ngebhokisi.

—:o:—

Ivulwa namhla iParlamende leUnion. Amadoda angenileyo kuyo iningi lawo selehlile liseCape Town.

—:o:—

Umshini wokondliza iNatalia wabamba amaminiti angama 55 ukusuka eTekwini uya ePort Shepstone.

Kusotetwa icala elingavamile lendoda yomlungu enomfasi eyawota intombi pesheya eNgilande yati mayiwele ize lapa inoyitata manje ayisakwenzi.

—:o:o—

Uma umuntu ashayela uMafukuzela ucingo eJosi usimse sti nje, Pambili, Johannesburg.

—:o:—

Icala lelo esike enti fahla ngalo lenciswa oyabe iqonywe intombi yomlungu labalahla bobabili ivuma intombi epika umuntu owanquyelwa isinyanga esiyi18 intombi esiyi15 iboshelwe pandhle.

—:o:—

Sidabukile ukuswa ukuti iskosikasi kaDr. W. A. Humphrey owake wabulapa Ohlange iminyaka emibili ishonile.

—:o:—

Sike sahanjelwa lapa nguMr M. Mdima waseChaka's Kraal nenkosikazi, Bebesobona isihlobo kwaZamowake. Ondala ukulupele ungangabanumzane bakwaZulu ababedhla inyama notshwala.

—:o:—

Sibe nenela yabahloli lapa ngelidhlule. Kwaqale kwafika uMiss Hopkinson kwase kufika noMr. Thos. Harle nayo inkunzi yabuye yafika enguDr. Loram. Loku wayelinyaswe ihashi uyaxaga impela kodwa uyahamba.

—:o:—

Lihlanliswe £5 iSulumane laseTekwini ngoba isikalo salo singalinganisi kahle kwafakwa injolobha endaweni yomtofu ngako otengayo sdhleke.

—:o:—

Lab'abantu abango Fortanetteller izangoma zabelungu, bayazona izindaba. Ukona umfasi owaya kona eyobusa isindaba wafike lowo wati owakwe ngonywe ngensimatasi. Sekuhleliwe kabike kolowo musi.

—:o—

UbengaseTekwini ngelidhlule uRev. Eara Mbonambi nenkosikasi noMrs. Nora Ngidi nabanye besifazane beze emblangaweni wakubo.

—:o:—

Useyamaka uRev. N. M. Nduli kwaNgcolosi useya eMtwalumi ngo-March 22.

—:o:—

Uti uMr. H. Mkonza wase 140 Main Street, Johannesburg iyabonakala imisamo kaTransvaal Congress ngoba noma licitekile igasi isiyavele imali kwesinye isindawo. Owabo umlungu eWaddell's Hotel welcke i10/- kubo bonke ngeyanga. Halala !

—:o:—

Kaseko uChief Manok inkosi yaseisfundeni waseLydenburg eyabe inosiso olukulu enindabeni zikaCongress isitanda nokutatuka kohlanga. Ufe 4o29 Feb.

—:o:—

Umuntu oloku engapilile nguMr Oscar T. Mahlobo utisha wePrimary, Ohlange, osenamasontwana ngoduswa lapa umkuhlane. Kutiwa ubambekile impela uMahlobo.

—:o:—

Usate qa izinsukwana lapa ekaya uMafukuzela

—:o:—

Amadoda eNatal Native Congress aseP. M. Burg abeye kuMayor eyobika abantu ngendhlale yemali. Wati asobikela abelungu amawi lawo.

—:o:—

Ufile umfandisi omdala wakwaZulu uRev. F. Stallbom nge,Feb. 28 enobuda'a obungama 85. Wafikela kwa-Mshweshwe wadhlalela kwaZulu esitatini sikaMpande. Wafela emzini wake eBethel, Zululand.

—:o:—

Amawi abonakala epepeni lika-March 12 kwaseTekwini ayepata amagama aoJ. B. Mouau noJ. B. Cele asipamba angena ngesiposino nombaleli weta wawa ngolimi. Siyahwelena kulawo banomnamo. "Lixoshwa libhekile."

—:o:—

Loludaka abashone kulo oGen. Smuts namaUnionist basenza bona ngokuvimbela tina ndhlu emayama ukuba sivote. Ukuba likona ngo eleta ivoti kungaba akuko loku.

—:o—

Icala elikalu likaMr. A. G. Made namakosikasi amatatu aseGordon Memorial eMartha Beugane, Lydia Mvelase noElvina Masibuko latetwa izinsuku ezintatu ngoFeb. laoqanywa ngokuti liyawalahla amakosikasi magese uMade ngo£15 abaye akoke izindhleko zake, esipakati kuka£200 no£300.

Abaketelwe eParlamende.

CAPE

Cradock—I. P. Van Heerden, Caledon—Hon. Christian Joel Krige, Malmesbury—Hon. F. S. Malan, Cape Town Harbour—Major G. B. Van Zyl, Beaconsfield—Sir David Harris, Stellenbosch—The Rt. Hon. John Xarvier Merriman, Oudtshoorn—C. J. Langerhoven, Kingwilliamstown—Geo. Whittaker, Beaufort West—P. W. LeRoux, Ladismith (Cape)—P. J. Jordan, Queenstown—A. U. Frost, Riversdale—J. F. Van Wyk, Swellendam—J. W. Van Eeden, Worcester—C. B. Heatlie, Port Elizabeth (N. E.)—D. M. Brown, Humansdorp—Charl W. Malan.

Ceres—J. W. Roux, Calvinia—Dr. D. F. Malan, Barkly—B. DeVelliers, Namaqualand—J. P. Mostert, Griqualand—John Gavin King, Prieska—J. H. Conradie, Bechuanaland—Max Sonnerberg, Albert & Aliwal—Rev. L. P. Forster, Hopetown—P. S. Cilliers, George—G. F. Brink, Somerset—A. P. J. Fourie, Paarl—Dr. A. L. De Jager.

Tembuland—W. H. Stuart, Piquetberg—J. H. H. DeWaal, Graaf Reinet, —J. M. Enslin, Wodehouse—Octavius, Septimus Vermooten, Victoria West—S. J. Du Toit, Colesberg—George Albertyn Louw, Border — George Blaine.

TRANSVAAL

Pretoria (North)—Sir Tho. Cullinan, Zoutpansberg—Col. H. Mentz, Loeberg—F. F. J. Dreyer, Klerksdorp—J. S. Smit, Venterusburg—B. I. J. Van Heerden, Rustenburg—H. N. J. Van der Merwe, Heidelberg—W. W. J. J. Bezuidenhout, Wolmaranstad—J. C. Kemp, Standerton—Lt. Col. Gert M. Claasen, Wonderboom—B. Pienaar, Lichtenberg—Tielman J. de V. Roos, Wakkerstroom—J. Vander Merwe, Witwatersberg—Lt. Col. N. J Pretorius, Bethal—Lt. Col. H. S. Grobler, Christiana—A. S. Van Hees, Ermelo—Col. Comdt: W. R. Collins, Middelburg—J. W. Heyns, Marico—Brig. Gen. L. A. S. Leumer, Barberton—Lieut. J. C. Fourie, Lydenburg—J. L. Scharink, Waterberg—P. W. L. Van Niekerk Pretoria South—C. Muller, Pietersburg—J. F. Naude.

FREE STATE

Bethlehem—J. H. Brand Wessels, Ladybrand—Chas. R. Fichardt, Vredefort—Dr. Colin Steyn, Faure-smith—N. C. Havenga, Winburg—C. T. M. Wilcocks, Frankfort—J. B Wessels, Edenburg—F. W. Beyers, Kroonstad—A. J. Werth, Harrismith—B. J. DeBeer, Heilbron—M. L. Malan, Rouxville—D. Hugo, Smithfield—J. B. M. Hertzog, Houpstad—E. A. Conroy, Ficksburg—J. G. Keyter.

NATAL

Coast—E. Saunders, Illovo—J. S. Marwick, Vryheid—J. J. Cheere Emmett, Weenen—J. W. Moor, Zululand—G. Heaton Nicholls.

Klip River (Ladysmith) Hon. Henry Barton, Dundee—Hon. T. Watt, Umvoti — Sir George Leuchars, Newcastle—Tol Nel.

Ezase Goli.

Ipoyisa elimhlope elalimala mhla kwesiduno saseFidas lifele esibhedhlela ngolwesiNe.,

o o o

Abantu abaningi ababouwa beponsa amatshe kubelunga ababekwele eTram Car baboshwe izinyanga esiyisitupa.

o o o

Okubuhlungu kubantu nokuboniswa ubantu obungebantu iloko okwenziwa kuMr. Aaron Mfeka, ngoba kudaone noNyati, waqonda beNyati wafike wabuza ukuti abayanga ngani emsebenzini? Bati bafuna imali. Wati nifuna malini? Bati nifuna ishumi ngelanga. Wati yena, abelungu baholeni? Kanti nifuna imali engange yabelungu? Abantu bati, Yebo. Wati niyaliqana yini nabelungu? Bati siyaliqana ekudhleni nasempahleni. Isikwa sisitenga ngosheleni nomlungu nsitenga ngosheleni, nezingubo £10 nati nomlungu, futi ngeke ubambe umsebenzi singeko, nomlungu uhola ngati. Wabashiya wahamba kungolwesihlanu, 5th March, 1920. Kute ngoMqibelo wasetelekile nempi yamapoyisa nonongqayi namasotsha. Ute efika koNyati wati abangatandi ukuya emsebenzini abakumuleonembe. Waseti emspoyiseni abakumulise njalo. Yilokoke Mhleli okungimangaliswayo ngoba abantu bakaNembe batelela yena bengasebenzi enkosini yamapolisa bakuluma nabelungu abasebenza kubona ukuba babaqubele ngesitakutuku sabo. Futi esinye isimangaliso ukuba kuhlonyiswe impi isibhamu abantu bengalwi kutiwe abalwe bengalwi becela imali. Angasi ukuabelungu bacabanga ukuti iyona ndhlela eyenza ukutula yini? Njengaloku okwenziwe eGoli abasomfanelo ngoba labs abantu abafe becela lemali abafela yona bayisebenzisa kweleUnion of South Africa, abuyi nayo kwomunye umbuso. Siyatanda ukuzwa icala labo. Futi amakosi afanele ukuhoelela abantu bawo umvuzo wezitakutuku sabo. Sengiyayeka lapo

Owenu,
NORMAN MDHLETYE.

Emfolozi emnyama,
Zululand.

Ukuduba umsebenzi eTekwini.

Kuyisimangaliso okwalapa emhlabeni, kanti naloku esikubuka ezalwini kuyasimangalisa. Ngitsta ngendaba yokudube kwabanta baseTekwini, ePoint umsebenzi ngenxa yeholo elincane kube izinto zonke amanani epezulu. Kute ukuba kubikwe enkosini yamapolisa kwesuka yona ngoba, okute ngoba amagange abe maningi syeke umsebenzi isikwata naePoint kanye noNyati, waqonda beNyati wafike wabuza ukuti abayanga ngani emsebenzini? Bati bafuna imali. Wati nifuna malini? Bati nifuna ishumi ngelanga. Wati yena, abelungu baholeni? Kanti nifuna imali engange yabelungu? Abantu bati, Yebo. Wati niyaliqana yini nabelungu? Bati siyaliqana ekudhleni nasempahleni. Isikwa sisitenga ngosheleni nomlungu nsitenga ngosheleni, nezingubo £10 nati nomlungu, futi ngeke ubambe umsebenzi singeko, nomlungu uhola ngati. Wabashiya wahamba kungolwesihlanu, 5th March, 1920. Kute ngoMqibelo wasetelekile nempi yamapoyisa nonongqayi namasotsha. Ute efika koNyati wati abangatandi ukuya emsebenzini abakumuleonembe. Waseti emspoyiseni abakumulise njalo. Yilokoke Mhleli okungimangaliswayo ngoba abantu bakaNembe batelela yena bengasebenzi enkosini yamapolisa bakuluma nabelungu abasebenza kubona ukuba babaqubele ngesitakutuku sabo. Futi esinye isimangaliso ukuba kuhlonyiswe impi isibhamu abantu bengalwi kutiwe abalwe bengalwi becela imali. Angasi ukuabelungu bacabanga ukuti iyona ndhlela eyenza ukutula yini? Njengaloku okwenziwe eGoli abasomfanelo ngoba labs abantu abafe becela lemali abafela yona bayisebenzisa kweleUnion of South Africa, abuyi nayo kwomunye umbuso. Siyatanda ukuzwa icala labo. Futi amakosi afanele ukuhoelela abantu bawo umvuzo wezitakutuku sabo. Sengiyayeka lapo

Owenu,
NORMAN MDHLETYE.

Emfolozi emnyama,
Zululand.

UKUHLAMBULULA OKUNGASAPELI.

Uyavuma ukuguliswa yikuhlambulula? Hlala utulise uti du izinsukwana ulale embedeni uma kunokwenzeka, ugape ukudhla okudhlayo upuze oka Chamberlain womoya nokuhlambululela. Lomuti osuwelapa abanokuhlambululela okungasapeli osokwahlule izinyanga, nawe uzokwelapa. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Umfana weSangoma.

Sasiti esiLungwini kuka"Zwelala". kepa seligade lidiniwe kumva nje' Nangoke umlungu ecita igusi lomuntu ngokubiza imali nje qwaba.

o o o

Ake nisilamulele bafo besimendhlela safa singoze luto. Sesibheke nina bakwetu ngoba inina esibona ukuti niyadhlelana nabandhlebe sikaaya ilanga.

o o o

Kulukuni ukuba umuntu osgebani alalelwe noma esuka ekulumaigama eliswakalayo. Kepa kuti ngoba lipuma kumfokazana nswe beti "Tula Wena". Anokubheka loko m'zwakwetu. Kuningi kunganesibi okusodhlelayo ngokusilibasisa kweto kokuti izwi lomfokazana singese salilalela.

o o o

Uma umuntu esesibonakalise boake ubuti bwake, ungebe usambonga nakokuncane okuhle akwenzela kona. Abaseko nobunci ubuhle esibabona kumlungu ngenxa yobubi bwaze bemihla.

o o o

Sekubukeka kuyiste yabo bonke abantu abaganiweyo, ukuba bade bekala ngemizi yabo. Kepa ngitanda keniqapele loku madoda. Uma indo da ide ifika sekuqandeke amehlo nenina layo lizogcina ngokuhambela nxanye. Ngesinye isikati kesolwa inina kanti owesibsa engetembekile kumkake

o o o

Uyahamba lunyawo. Kwati komunye umhlangano lapa koketwa abazopata izikundhla zawo, enye indoda kwabaketiweyo yaloba elayo igama iti kumbe kona ingapumelela ekuketweni.

o o o

Sibonga kakulu mfo kaGcabatshe ukusihlaba ngeaduku. Kepa nawe uyasibindi uti ukona ongabe esaqaba isiukomo aziyise ekweni kuleli ! Sesingapeta ngokuti "inhlayenza" leyo weta.

o o o

Noma sibavule umlomo sidutshulwe nje, ukulahla imbeleko akubonakali ngoba sifanelwe yiko kunokuba situle. Sodhlani loku ukudhla kwaseSilangwini kutengiwa ngemali. Kepa sayitabazisa njengoba iketa izandhla nje ? Asasi bakiti kudem'va kude pambili.

o o o

Sidhliswa imbuya ngezinti kude kutiwa sizolungiselwa, kube kupela njalo. NoManyosi wayengazi ukuti lose limshosele. Uti yena uMkize wayazi ukuti uyogcina kanje ? Hashi ! Seku ukubhedhla emawanini nina beNkosi.

Ezase Goli.

Ipoyisa elimhlope elalimala mhla kwesiduno saseFidas lifele esibhedhlela ngolwesiNe.,

o o o

Abantu abaninzi ababouwa beponsa amatshe kubelunga ababekwele eTram Car baboshwe izinyanga esiyisitupa.

o o o

Okubuhlungu kubantu nokuboniswa ubantu obungebantu iloko okwenziwa kuMr. Aaron Mfeka, ngoba kudaone noNyati, waqonda beNyati wafike wabuza ukuti abayanga ngani emsebenzini? Bati bafuna imali. Wati nifuna malini? Bati nifuna ishumi ngelanga. Wati yena, abelungu baholeni? Kanti nifuna imali engange yabelungu? Abantu bati, Yebo. Wati niyaliqana yini nabelungu? Bati siyaliqana ekudhleni nasempahleni. Isikwa sisitenga ngosheleni nomlungu nsitenga ngosheleni, nezingubo £10 nati nomlungu, futi ngeke ubambe umsebenzi singeko, nomlungu uhola ngati. Wabashiya wahamba kungolwesihlanu, 5th March, 1920. Kute ngoMqibelo wasetelekile nempi yamapoyisa nonongqayi namasotsha. Ute efika koNyati wati abangatandi ukuya emsebenzini abakumuleonembe. Waseti emspoyiseni abakumulise njalo. Yilokoke Mhleli okungimangaliswayo ngoba abantu bakaNembe batelela yena bengasebenzi enkosini yamapolisa bakuluma nabelungu abasebenza kubona ukuba babaqubele ngesitakutuku sabo. Futi esinye isimangaliso ukuba kuhlonyiswe impi isibhamu abantu bengalwi kutiwe abalwe bengalwi becela imali. Angasi ukuabelungu bacabanga ukuti iyona ndhlela eyenza ukutula yini? Njengaloku okwenziwe eGoli abasomfanelo ngoba labs abantu abafe becela lemali abafela yona bayisebenzisa kweleUnion of South Africa, abuyi nayo kwomunye umbuso. Siyatanda ukuzwa icala labo. Futi amakosi afanele ukuhoelela abantu bawo umvuzo wezitakutuku sabo. Sengiyayeka lapo

Owenu,
NORMAN MDHLETYE.

Emfolozi emnyama,
Zululand.

Ukutunywa kuka Sobantu.

(Iqatshwa kwelidhlule)

Wagodakake umfo kaColenso omude, esalanda umusi wake, inkosikazi nendodakazi yamasibulo nonyana wabo njengokwesimasa kwabo namadodana amabili awelama amadodakazi. Loku wafika qede pesheya kabe esihlalisa kangakanani, kwaba ukuhasabe ekuluma nabanye ebazoxela akubonileyo kanye nosisi abubone kubantu abamayama, ecela nesinhlamvu semali ukuba basiswe. Yena wezu kuleliswe lakiti akuza kusiza, ikakulu, indhlu emayama owabe esyibonile ukuti iyahlupeka.

II. Ake nginilandise indaba eyehla esisukwini seminyaka engapambili kwaloko eyisihlanu kumbe eyisitupa ingakaveli indaba yokumiswa kuka-Sobantu.

UMagwaza ka Matomela wakwa Ngcobo wabe esendodana eyelama amabili amakulu, ibizo layo nguMaluawami. Lowo mfana wabe esenemiyaka eyinkota kumbe eshiyangalombili noma kumbe ngemva kwaloko. Kepa wabe esinge ekuluma nesinye izingane, esitshela nkuti kavi kakulela lapa ekaya yena; kuya kufika umlungu omkulu oyakopuma petsheya, ayakusebenza kuye, oyakumqamba igama lokuti ungu"Skelemu", ilse lipele igama lokuti ungu"Manawami", ekuluma njalo edhlala nezinye izingane bedonsa izinqolana zabo ababenenza ngecesa nangamatshe lawa okete. Nemtsela wasinge ezibiza ngalelobizo lake njalo bazu baliswa nayise naonina; kepa bemangala nje ukuti ingane ikulumani uma itsho njalo.

Kvhambe kwahamba kunjalo, kwati ngolunye usuku kwafika inxasa elitunywe nguNgoza kaLadaba wakwaMajozi owabe eyindoda enkulu yakwomkulu, lafika emzini kaMagwaza Ekukoponeni nasemzini kaNtanja kaMtotiya wakwaNgcobo, loku pela imizi yabo owas'Ekukoponeni nowas'Endabeni yabe yakelene, ajengokuzalana kwabo, bepetwe nguNgoza bobabili. Inxasa lafika lababiza bobabili ukuba bafike Enhlanhleni ngomuso, ngoba ikona inkosi eyakufika kona ngomuso. Nembala-ke bapuma bobabili ngangomuso, behamba nabafanyana babo oSkelemu noVete ababetwele amacansi abo bobabili 'uSkelemu lowo kwake ukupala ukuba atwalele ayise, loko-ke kwaku ukupala nokugcina.' Babake eningizimu kwomfula umSunduze, bebhekene nentaba umKambati pansi kwawo edusc. Bawuvela umfula bedundubala intaba umKambati, behlele ngalapaya kwawo, bese befinyelela Enhlanhleni. Bafika njalo kuntambama lapo Enhlanhleni. Kwaku botene abantu abaningi, ekona futi umlungu okwakutiwa uyinkosi, engicabanga ukuti kwaku nguSomtseu. Sebefikile kwahlatshwa inkabi enkulu ebomvu. Abanumzane laba banikwa indhlu abaza kungenisa kuyo bobabili. Bahlala ke abafanyana laba, oyise besaye emhlanganweni lapa kwakubutene kona kasihlwa.

Kute ngakusasa kwezwakala ukuti kubutenwe njalo kukulu-ywa indaba yokuba kaza umlungu omkulu oyinkosi oparas petsheya otanywe nguKwini ukuzakufundisa abantu ukuba babambe ngokwabelunga, bafunde incewadi nokubaza amaplangwe nokutungisizingubo nayo yonke imisebenzi yabelungu; kwatiwa kuzanbutwa izingane zabafane eziseyala ukukumuka amasinyo nezingapezulwana kwaloko. Watshoke uMagwaza kuSkelemu kona lapo wati, "Ufikile namhla umlungu wako omkulu owasumatsbo, ngizakuyisa kuye ngezokutsho kwako Oh! wajabula kakulu uSkelemu ezwa loko kutsho kukaYise ngangomuso sebegala akugoduka, kanti indoda yas'Ekukoponeni esuke ekaya ipelezela umuzanse, ifike layo kwaku uNxayi wakwaRadede, yanele ukuvuka nje yase igijima yaya kubika ekaya ukuti, "kanti kubatwe abantu nje kutiwa mababute izingane zabafane ezisakaya kufundiswa esikoleni somfundisi omkulu opuma petsheya; uMagwaza uti kuzakubamba uSkelemu aye kona lapo." Hawu! bayagala beti oata ekaya, sebefanyanisa onina bekala, sebezwe ukuti uSkelemu nomunye umfowabo 'ongakatshiwo ngegama, uMlingane ka-Manawami, njengokuqabo nguyise' bazakuyiswa lapo. Ini wa pa naye kaloku isililo uSkelema eb a unina ekala, kwapele ukujabula akade enako esezwa amawi kuyise. Wahleze ejabula inxa engeko ekaya aluse amatole kanye nabanye abafanyana abayintanga yake, kuti angabuyela ekaya anyonye ebona uninina engancibilikile, okobane esazi ukuti ingane yake izakumukiswa isiwe kubelungu ngoba yena 'unina' engatandwa, aliwa nguyise.

III. Izwi lokuba kubutwe izinzane ezizakuyiswa Ekukanyeni ziyofundiswa imisebenzi yonke yabelungu uSomtseu walitamela kuwo wonke umhlaba waseNatal, enxusa eqondisa amakosi okunxanelwe ngu Sobantu ukuba akwenze, kona kuzakuvayise wa abantu abamayama; kepa ngazwi linye, amakosi onke kanve nabantu bawo, bangaba impela ukubuta izingane ukuba ziye kufundiswa. Ngoba kutiwa kwapanuka ishingana elitile lahambe limemezela ezweni lonke, liti: "Izingane lezi zifunelwa ukuba zibutwe ziye kwenziwa amasosha abelungu petsheya, zeniwe zibe njengeNkumande kanye namaPolisa abelungu. Leloswi leshingana langoba, labalelwa ngabantu bonke.

Ezase Mgun'dhlovu

Izulu selitulele lapa ngemvula, akuseko langa elingani ngalo, seksuhohlile nje ukuti loku sayicela ngenxa yokomisa sesisotini uma ingasanqamuki.

o o o

UMr. Enoch Msimang omuye wabenumzane abadala eEdendale usanda kushona emveni kwesikati esingeside kakulu elele pansi. Indoda eyabe inomusa kakulu ibikiza nowke umuntu ingakati noma ubani. Indoda eyabe isijwayele kakulu isindaba sebandhla waseWesely nse wafela kulona engasengo ahlubuke njengabanye, ube nenkuudhla esibanzi kuNsondelelo, angemculi kakulu uma sekucaliwa. Umuzi waseEden ubhlekelwe, okwempela ufile. Amadodana onke aka abefikile ngesikati esilondolozwa lapo ehlalela kona ukuvaka kwabafileyo, ORevds. J. Metcalf, A. Mtimkulu, S. G. E. Majozi, & P. M. Yeni itona ababepete umngcwabo nolitev. Seb. Msimang, Mr. R. W. Msimang ummeli wodumo eGoli babefikile kanye nabanye ke. Sikalela uMame oselevo.

o o o

Kwabanye bakude ababeyile ekulondolozweni komnumzane waseEdendale uMr. Msimang kwaku inkone ka-Mntenyoka uChief Lutayi waseGeorgedale.

o o o

NgeSonto elidhlule bekwamkelwa ebandhleni laseChurch futi ebekwa nRev. Moses Sibisi. Izandhla zabekwa ngoRevds. Dewar noMr. Ewin nabanye. Usegcotshiwe nRev. Sibisi ebandhleni lakwaKu. Babe baningi abantu esontweni.

o o o

UMr. M. M. Z. Ngubane waseMkambatini ubehambe nabantu abaseduze kwamasibumi amabili beya kuMpati - Ndaba-Zabantu ngokuzoshwa kwabo eplazini ekade belakile ngumlungu omosha oselitengile. Kube sogati bazocetelwa ukuba bahlale bagaxoshwa.

o o o

INative Women Hostel selizosuka lapa endaweni yalo endala lisokwakiwa kwenye indawo lapa songati sekusoba isibhedhlela esisoane kuleyo ndawo lapo likona manje iHostel.

o o o

Umhlangano weM. D. F. N. A webhota wonyaka ahlangenile ngokuketa abapati zihlalo bonyaka. Ngalonyaka ukwetwe oMesers. A. J. Sililo (President), R. G. Radebe (Vice President), William Zondi (General Secretary) Lawrence Matiwane, Assistant Secretary, J. Zibala & F. Mtyali, (Finance Committee). Loku kuketa kube songati ibandhla liyeneliswa ikona. Kulonyaka opelile isihlalo sabe sipetwe ngoMessrs. A. J. Sililo (President reelected), R. V. Kuzwayo (Vice President), E. O. Msimang (General Secretary).

o o o

Indhlala yemali nlapa ikona, izihlangano emikulu eba nabantu abaningi yeziwa igatya likaCongress akucebisana ngokucela imali.

o o o

Emhlanganweni weGatya laseCongress kwabe kukona koMr. John R y waseHowick owakuluma amaswi anandi okukutaza umhlangano inhlangano yawemanela kakulu.

Obo'ga umuti wakwa Lacombe.

F. L. Dawber Esq.,
The Lacombe Drug Store,
509, West Street,
Durban.

Mngane otandekayo,—Ngiyazisa kuwo wonke ukuti lomuti iLacombe's Bodily Weakness awumuti okuyiwona wona ekusizeni umzimba obutakataka. Ngingumuntu oselinge yonke imiti okutiwa inikeza amandhla omzimba etengwayo kuwo onke amaKemisi kodwa ayisizanga. Kodwa ngite akusebenzisa iBodily Weakness ngafumanisa impilo enginazange ngibe nayo. Futi i"Mother's Help" nginobufakazi obungcwele kamakosikazi ukuti iwona muti wabo ugobo. "Mrs. Walter D. Moloi waseRheibok Sprait eTintwa uti:-"Umuti kaDawber awuko ofana nawo emhlabeni, ngoba abe ngenayo inzulo kodwa namhlanje unomutwana ngenxa yokusebenzisa umuti kaMr. Dawber."

UNkulunkulu mavakusize akope inhlanhla nenqabekelo pambili ekuhlakanipeni, ngoba nasevazisweni sako ngizwa ukuluma ngaye uNkulunkulu. Ukuqala ukuzwa ngomKemisi ekuluma ngoNkulunkulu, uti:-"Masisebenzise ngokwetemba yena ngoba uye oyakusisiza." Kepake ngeluleka bonke abakiti abansundu kebayeke zonke izinyanga zabeSutu nezamaZulu kebalinge kunye ukuba ukuti imiti fati ngensni elilila kuFrank L. Dawber Esq., The Lacombe Drug Store, 509, West Street Durban, Natal.

Yamkelani iseluleko sami e.ifweni ezcu zonke niyakuzuza impilo kwa-Dawber.

Imina umfundisi weSonto laseBaptist,

REV. J. J. LAPELE.
Swinburne Station,
Harrismith Dist.,
O. F. S.